# ISIDLO SENKOSI
# ISakramente lelathi

Lencwadi yabhalwa

**nguJOSEF IMBERG**

BD, VDM, Church of Sweden

yahunyushelwa esiZulwini
yiKomidi lokuhlela laseELCSA-SED

Publishers:
**EVANGELICAL LITERATURE MISSION**
**Gothenburg, Sweden**
Printed by Pinetown Printers
16 Ivy Road Pinetown 3610
South Africa

© Rune Imberg 2021
Only to be reprinted / copied after permission through
*Evangelisk Litteraturmission - Scriptura, Sweden*

## 1. ISidlo seNkosi siyiSakramente

Izwi elithi "iSakramente" alikho eThestamenteni eliSha. Lisetshenziswa ukuchaza **izenzo ezingcwele ezamiswa yiNkosi yethu uJesu Kristu uqobo.** Kodwa-ke sesikushilo lokhu, singabona ngezindlela ezahlukeneyo. Lokhu siyakubona kalula uma silinganisa iSidlo esingcwele nokuzisola (okuzothiwa lapha "ukubikela", okungukuthi ukubika izono nokukhululwa kuzo). Kokubili, iSidlo esingcwele nokubikela, kusukela esimisweni esikhanyayo nasemyalweni okhanyayo weNkosi yethu uJesu Kristu (Mat 26:26-29;1 Khor 11:23-26; Mat 18:18; Joh 20:23). Izenzo zombili ezingcwele ziyafana ngoba zisethembisa izipho zokomoya ezingebonwe ngamehlo. Nokho zehlukene lezizenzo ezimbili ezingcwele. ESithebeni kumele sisebenzise isinkwa newayini, kodwa ekubikeleni akukho lutho olunjalo lokwangaphandle olubonwa ngamehlo. Ngokusebenzisa izinto zokwangaphandle kanye neZwi likaNkulunkulu eSidlweni seNkosi samukeliswa izipho zokomoya ezingabonakali, kanye nomzimba negazi leNkosi yethu uJesu Kristu.

Izifundiswa zeBhayibheli ezingamaKristu zizamile ngezindlela eziningi ukuchaza i-zwi elithi "iSakramente". Incazelo emfi-shane ithi: "Liyisimo esibonakalayo somu-sa ongenakubonwa ngamehlo." Enye incazelo emfishane ithi: "Liluphawu lwento engcwe-le." Kodwa-ke lezizincazelo zombili kazi-phelele, ngoba kanjalo kuzosuke kubalwe izenzo ezinye eziningi njengamaSakramente eBandla. Ngakhoke incazelo endana kunale-zo ingcono yokuthi: "ISakramente liluphawu lokwangaphandle olubonakalayo lomusa wokomoya esiwuphiwa ngaphakathi, lwami-swa nguKristu uqobo." Yizinto ezintathu ezigcizelelwayo: 1) Kumele lesisenzo esi-ngcwele sibe ngesamiswa nguJesu Kristu u-qobo. 2) Kumele kube khona into noma izi-nto zokwangaphandle ezibonakalayo,uKristu ayala ngazo; kumele futhi zisetshenziswe ngendlela efunekayo mayelana nalesisenzo uqobo esingcwele. 3) Ngayo lento noma le-zizinto zokwangaphandle ezibonakalayo si-phiwa ngaphakathi utho lokomoya.

**ISidlo seNkosi sinamagama amaningi**

Amanye amagama atholakala eThestamenteni eliSha, kepha amanye abuye aqanjwa ngemu-va ukuba kuchazwe ukuthi leliSakramente

liyini nokuthi siphiwani ngalo. EThestamenteni eliSha sithola igama lokuthi "iSidlo seNkosi" (1 Khor 11:20) nelokuthi "iSithebe seNkosi" (1 Khor 10:21). Ngezinye izikhathi leliSakramente lithiwa "yiSakramente lelathi". Libizwa kanjalo kwezinye izincwadi zesivumo seBandla. Ngezinye izikhathi lithiwa "uBudlelwane obungcwele" (Holy Communion) noma "ukuBonga" (Eucharist). Nakuba lamagama engatholakali eBhayibhelini,lisifundisa kanjalo ngaleliSakramente ukuze lamagama abe ngafaneleyo impela. Kuthiwa lapho siphuza kuyo indebe nalapho sihlephula sidle isinkwa, siyahlanganyela egazini nasemzimbeni kaKristu (1 Khor 10:16). Lokhukuhlanganyela kungubudlelwane (communion),ngakhoke igama lokuthi "communion" lisetshenziswa kaningi nangezilimi eziningi. Sithi "Holy Communion" (uBudlelwane obungcwele). Igama elithi "ukuBonga" (Eucharist) likhomba lokhokubonga okushiwo yiNkosi yethu uJesu Kristu lapho emisa leliSakramente (1 Khor 11:23; Luk 22:17). Ngakhoke lapho sithi "Eucharist", sikhumbula lokhokubonga kuNkulunkulu okwenziwa eSidlweni esingcwele sokuqala, nokuthi kudingekile ukuba nathi siqhubeke nokubonga njalo lapho sigubha umkhosi weSithebe seNkosi.

**Kuyini okuphawula iSakramente?**

ESakramenteni kushomana into yokwangaphandle nesipho kwangaphakathi engenakubonwa ngamehlo. Singabona amanzi omBhabhadiso, kodwa asikwazi ukubona isipho esingukuhlanzwa ezonweni. Siyazi ukuthi amanzi nje phaqa esiwabona ngamehlo ayakwazi ukusigeza kusuke insila nokungcola, kodwa kumele sitshelwe yiZwi likaNkulunkulu ukuthi amanzi omBhabhadiso ayakwazi ukusihlambulula ezonweni zethu.

Kunjalo naseSidlweni seNkosi. Isinkwa newayini kungukudla okukwazi ukusisuthisa lapho silambile ngokomzimba. ESithebeni seNkosi ukulamba kwethu ngokomoya kusuthiswa yiNkosi yethu uJesu Kristu. Nguyena yedwa okwazi ukwenza lokhu. Washo wathi: "Mina ngiyisinkwa sokuphila" (Joh 6:35, 41, 51). Kodwa-ke lapho simamukela eSidlweni esingcwele akuyona indaba yokukholwa kuphela, kodwa yindaba yokumamukela ngeqiniso impela, njengoba esitshela ngobukhona bakhe eSidlweni esingcwele ethi: "Lokhu kungumzimba wami,...lokhu kuyigazi lami" (Mat 26:26-28).

Kanjalo okuphawula iSakramente wukuthi izinto zokwangaphandle nezokwangaphakathi ziyashomana. Ngakhoke iSakramente lelathi lingachazwa ngokuthi: **"Lingumzimba negazi leNkosi yethu uJesu Kristu isibili ngesinkwa newayini, esiyalwe ngezwi likaKristu ukuba silidle siliphuze thina maKristu..** ISakramente liyisinkwa newayini,kodwa kungabi yisinkwa newayini nje phaqa njengoba siye sikubone kuphakwa kudliwe etafuleni, kodwa isinkwa newayini okusingethwe yiZwi likaNkulunkulu kuxhumene nalo"(LC).

**ISakramente lisukela esenzweni esingcwele ngesikhathi seThestamente eliDala**

Kokubili umBhabhadiso neSidlo esingcwele kwafanekiswa ngezenzo ezingcwele ngesikhathi seThestamente eliDala. Umfanekiso womBhabhadiso ngukusoka okwakuyindlela yokungena kubo ubudlelwane noNkulunkulu. Kanjalo iSithebe sasifanekiswa ngesidlo sewundlu lePhasika (Eks 12). Lokhu kukhonjiswa ngalokho okwenzeka "endlini ephezulu" (Mark 14:15, Luk 22:12) lapho uJesu emisa khona iSidlo esingcwele (Mat 26:17-29). Inhloso eshiwo ekuqaleni yokuba kuyolungiswa leyondlu ephezulu kwakungukuba kugujwe umkhosi wePhasika ebusuku.Ngempe-

la ngabo lobobusuku bagubha iPhasika lokugcina elake lagujwa eBandleni lobuKristu, nakulesosidlo iNkosi yamisa iSithebe esingcwele esagujwa ngokokuqala ngqa eBandleni layo. Ngesikhashana kwakuzokhanya ukuthi lemikhosi yomibili ingebe khona kanyekanye. Kodwa ukuphathelana kwezenzo zombili ezingcwele kuyohlala kukhona phakade. IPhasika "laliyizalinga nje zezibusiso ezizayo" (Hebh 10:1). Isimo "sezinto njengoba zinjalo ngempela", okungukuthi umhlatshelo ophelelisiweyo weWundlu likaNkulunkulu (Isaya 53), yiSidlo esingcwele.Kuso siyamemukela yena owethula umhlatshelo kwaba kanye, mhla ezidela ukuphila kwakhe (Hebh 7:27).

**Semukelani kuleliSakramente na?**

Lokhu kungachazwa ngezindlela ezimbili noma ngezigaba ezimbili. Sesishilo ukuthi **samukela umzimba negazi leNkosi yethu uJesu Kristu.** Kodwa wasitshela futhi ukuigazi lakhe "lachithelwa abaningi ukuba kuthethelelwe izono" (Mat 26:28). Ngesikhathi samukela umzimba wakhe negazi lakhe **samukela futhi izipho zangaphakathi ezingebonwe ngamehlo, ezingukuthethelelwa kwezono nokuphila nesibusiso sensindiso**

**saphakade** (Mat 26:26-29). Ngakhoke kungathiwa uJesu usipha yena uqobo lwakhe, umzimba negazi lakhe, kube yisethembiso nesibambiso sokuthi samukela nezipho zakhe futhi.

Kanjalo inhloso yakhe lapho esipha leliSakramente isikhanyela. Wasipha lona ngesizathu esifanayo naleso asipha ngaso umBhabhadiso ongcwele nokubikela. Konke kungamasu esithola ngawo intethelelo yezono nokuphila okuphakade nesibusiso sensindiso.

Kodwa-ke kukhona umahluko omkhulu phakathi kwalezizenzo ezingcwele. Labo ababhadiswayo kwathiwa bayokuba ngabafundi (Mat 28:18-20) kumbe bayongena embusweni kaNkulunkulu (Joh 3:5). Akuzange kwathiwa umbhabhadiswa ufanele ubuye uphindwe. Mayelana nokubikela neSithebe seNkosi kwahlukene. Kumele izono zithethelelwe izikhathi ngezikhathi, kube ngaphezulu ngisho kwezikhathi eziyisikhombisa (Mat 18:15-22). Maqondana neSidlo esingcwele kuthiwa lesisenzo esingcwele asiphindaphindwe: "Anovama ukukwenza lokhu.... Njalo nxa nisidla lesisinkwa niphuze lendebe, nimemezela ukufa kweNkosi ize ibuye"

(1 Khor 11:25-26). Kanjalo umBhabhadiso usho ukwemukelwa embusweni kaNkulunkulu, singene kuwo. Kodwa ukubika izono nokukhululwa kuzo kanye neSithebe kunikeza inthethelelo yezono kulabo abavele sebengabombuso, kodwa-ke base bewela esonweni, bedinga ukuthethelelwa nokuthula ezinhliziyweni zabo.

## 2. Mandla mani asebenzayo kuleliSakramente na?

"YiZwi likaNkulunkulu okuyilona lenza leliSakramente, liliphawule ukuba lingabi yisinkwa newayini nje kuphela, kodwa libe ngumzimba negazi likaKristu isibili, libizwe kanjalo...Kumele ukuba iZwi lenze isinkwa newayini kube iSakramente, uma kungenjalo kuyozihlalela nje kuyisinkwa newayini, Manje-ke, leliZwi akusilo izwi kumbe isimiso sombusi kumbe esenkosi yezwe, kodwa yizwi loPhakemeyo wakoMkhulu. Ezinyaweni zakhe kufanele kuguqe isidalwa zonke zivume zithi kunjalo njengoba esho, bese zikwamukela ngenhlonipho nangovalo nangentobeko" (LC).

Ngalamazwi asechashuniwe kuzokhanya ukuthi amandla asebenza kuleliSakramente yi-

Zwi likaNkulunkulu. Ukuthethelelwa kwezono nokuphila nokuthula okukhona phakathi kwethu noNkulunkulu, sikuthola lokhu kuleliSakramente. Kodwa lamagugu angadluliselwa kithi kuphela ngalawamazi athi: "Onikelwa ngenxa yenu, elichithelwa nina." "Ngoba kulamazwi unakho kokubili, ukuthi kungumzomba negazi likaKristu, nokuthi kungokwakho njengegugu lakho nesiphiwo sakho. Manje-ke umzimba kaKristu ungebe yinto engenazithelo nanzuzo, engavezi lutho nengasizi lutho. Kodwa noma igugu lilikhulu kangakanani ngokwalo, nokho kumele lisingethwe yiZwi, bese silamukeliswa, uma kungenjalo singelazi singelifune leligugu" (LC).

Pho sisholo ukuthi okuningi kangaka kuya ngeZwi likaNkulunkulu na? Kulula ukukhombisa ukuthi impela kunjalo. Umsebenzi wokusisindisa thina kanye nomhlaba wonke wapheleliswa esiphambanweni nangokuvuka kweNkosi ekufeni. Kodwa singahle sikwazi lokhu kanjani na? Impendulo ithi: ngeZwi likaNkulunkulu kuphela! UmBhalo ongcwele uthi: "Bangalibiza kanjani igama lalowo abangazange bakholwe kuye na? Bayokholwa kanjani kuye uma bengazange bayizwe indaba emnandi elanda ngaye na?" (Rom 10:14).

Pho, singasizakala kanjani ngalowomsebenzi uKristu awenzayo ukuba sisindiswe na? NgeZwi likaNkulunkulu kuphela! Lapho sikholwa kuNkulunkulu sethembe lokho asenzele khona ngoJesu Kristu, lokhokukholwa kungumphumela womsebenzi woMoya oyiNgcwele ngeZwi likaNkulunkulu. UJesu uthi: "Ukuphila kuvela ngoMoya kaNkulunkulu..Amazwi engiwakhulume kini anguMoya kaNkulunkulu, angukuphila" (Joh 6:63). Pho, uma kulezizindaba sethemba lokho uNkulunkulu akushiloyo nakwenzileyo ngeZwi lakhe nangoMoya wakhe oyiNgcwele, bekungafanele yini ukuba sikholwe lokho akushoyo nafuna ukukwenza nokusipha khona eSidlweni sakhe esingcwele na? Yilo lona leliZwi elisebenzayo eSithebeni njengasezindabeni ezinye zensindiso. Yiwo lowoMoya osebenza ngeZwi likaNkulunkulu. Manje-ke kushiwo eZwini likaNkulunkulu ukuthi: ngesikhathi samukela isinkwa newayini eSidlweni seNkosi, khona-ke samukela umzimba negazi leNkosi yethu uJesu Kristu.

Kodwa kungenzeka kanjani pho? Kwedlula konke ukuqonda komuntu, kodwa njengoba uNkulunkulu esitshele lokho eZwini lakhe kufanele sikukholwe. "Njengokusho nokukhuluma komlomo kaKristu, ngempela kunjalo,ngoba angeqambe amanga akhohlise"(LC).

**Okuthile okulandelayo**

Sesizwile ukuthi kungakanani okumi ngeZwi likaNkulunkulu. Kulokhu singabona okuthile okulandelayo: 1) LeliSakramente aliqanjwanga muntu. Ngubani nje owayengacabanga ukwenza utho olunjalo na? Ngubani owayengalokotha ukunika umzimba negazi lakhe ngesimo sesinkwa newayini na?

2) Njengoba okuningi kangaka kumi ngeZwi likaNkulunkulu, kungenzakalani uma silisusa iZwi likaNkulunkulu kuleliSakramente na? Uma singalisebenzisi iZwi likaNkulunkulu, okungukuthi amazwi kaKristu esimiso, isinkwa siyozihlalela siyisinkwa nje, newayini liyozihlalela liyiwayini nje, kube kuphela. Okusho ukuthi lingebe khona nhlobo iSakramente, nalabo abamukela isinkwa newayini bayobe bengemukeli wona umzimba negazi likaJesu Kristu.

3) Mayelana nokukholwa kwethu nokufanela kwethu singabuza sithi: Ngabe ngukukholwa kwethu nokufanela kwethu yini okwenza ukuba sikwazi ukwamukela umzimba negazi likaJesu Kristu eSithebeni sakhe na? Baningi abakholwa lokho, kodwa-ke ayikho yonke leyonto. Thina ngokwethu singezi-

feze izinto ezinkulu kangaka, ngisho nokukholwa kwethu kungekwenze nempela. Kasifanele, futhi asisoze safanela. Kodwa ngisho noma ngabe besifanele, noma besinokukholwa konke,besingeze sazenzela thina kumbe senzela abanye abantu ukuba bakwazi ukwemukela umzimba negazi likaKristu ngesimo sesinkwa newayini. "Alisekelwe ngubungcwele babantu kodwa yiZwi likaNkulunkulu.Akukho muntu ongcwele emhlabeni, yebo, ngisho nangilosi ezulwini okwazi ukwenza ukuba isinkwa newayini kube ngumzimba negazi likaKristu. Ngokunjalo futhi akekho ongaliphendula aliguqule iSakramente, ngisho noma angaze alisebenzise ngokungeyikho... Ngoba uKristu akasho ukuthi: 'Uma nikholwa nifanele, namukela umzimba wami negazi lami,' kodwa uthi:**'Thathani nidle niphuze; lokhu kungumzimba wami negazi lami.'** Ngokunjalo uthi: **'Kwenzeni lokhu,'** okusho ukuthi: Kuyafana nje noma ungafanele noma ufanele, wamukela nanku umzimba wakhe negazi lakhe ngokwmandla alawamazwi ahlangene nesinkwa newayini" (LC).

**Umbumbano eSakramenteni**

Kukhona amazwi avame ukusetshenziswa ezincwadini zesivumo sethu,achaza ukuthi ku-

yini okwenzeka ngesikhathi sifika phambi kweNkosi yethu uJesu Kristu eSidlweni esingcwele. Amazwi lawo athi "kanye nalo", "kulo", "ngaphansi kwalo" iSakramente. Ayasiza adingeka lamazwi. Kumele sifundise njalo ukuthi isinkwa newayini kusekhona, akuguquki. Kodwa lokhu kungashiwo kanjani ngendlela eyiyo ezwakalayo na? Ngokuphawula ukuthi, ngokwamazwi kaJesu Kristu uqobo lwakhe,umzimba negazi lakhe kukhona isibili "kuso", kwamukelwa "kanye naso" isinkwa newayini. Ekugubheni iSidlo seNkosi silokhu sibona ngamehlo isinkwa newayini. Ngokwamukela lezizinto ezabelwayo (elements) semukela **kanye nazo** nomzimba negazi likaJesu Kristu **okukhona kuzo,ngaphansi kwesimo** sesinkwa newayini. Umzimba wakhe negazi lakhe kuyisethembiso nesibambiso sokuthi, ngesikhathi simemukela yena ngalendlela, siyemukela futhi izipho zokomoya eziyintethelelo yezono nokuphila okuphakade nesibusiso sensindiso.

Ekufundiseni kwethu siyawasebenzisa lamazwi athi "kanye naso", "kuso", "ngaphansi kwaso" <isinkwa newayini>. Ngokwenze njalo sigcizelela ukuthi kuso iSidlo seNkosi **kungabumbana izinto ezinhlobombili zibe**

**khona ndawonye. Kodwa ayiguquki ingqikithi yazo.** Ukuze siqonde lokhu singafanisa noqobo lukaKristu. Kuye kukhona izimvelo ezimbili zibumbene kuye, azinakwahlukaniswa; munye kuphela uKristu. Pho, lokhukubumbana kwezimvelo zakhe zombili kwake kwenzeka kanjani na? Kwenzeka lapho iNdodana kaNkulunkulu ithatha isimo sobuntu ("incarnation"): "Lowo oyiZwi wazalwa waba ngumuntu, wahlala phakathi kwethu" (Joh 1:14). "UNkulunkulu wayenaye" (Imi-Seb 10:38). "UNkulunkulu ekuKristu wenza ukuba izwe libuyisane naye"(2 Khor 5:19). Manje-ke, lokho okuthiwa "ngumbumbano e-Sakramenteni", kuchaza ngendlela efanayo ukuthi **uKristu ukhona isibili eSidlweni seNkosi.**

ESakramenteni leli ukhona "kanye naso", "kuso", "ngaphansi kwaso" (okungukuthi "ngaphansi kwesimo saso") isinkwa newayini. Isinkwa newayini kulokhu kukhona sonke isikhathi kuyizinto zokwangaphandle ezibonwa ngamehlo. Ngakhoke ingqikithi ekhona eSithebeni seNkosi inhlobombili: 1) isinkwa newayini okuvamileyo okubonwa ngamehlo, 2) umzimba negazi isisibili seNkosi yethu uJesu Kristu. Ngesikhathi singakabusiswa iSidlo seNkosi ku-

suke kukhona isinkwa newayini. Kodwa lapho sekubusisiwe kwangcweliswa isinkwa newayini kusuke kukhona nomzimba negazi likaKristu, **kanye nesinkwa newayini.** Ngenxa "yombumbano eSakramenteni" sekukhona izingqikithi ezimbili, zibumbene zikhona ndawonye. Ngendlela ethile singekuqonde sikuchaze lokhu. Kodwa ukukufanisa noqobo lukaKristu kusiza kakhulu, njengoba sike sasho. KuKristu kukhona **"umbumbano oqotsheni" (personal union),** kubumbene imvelo yobuNkulunkulu neyobuntu. ESithebeni seNkosi kukhona **"umbumbano eSakramenteni" (sacramental union),** izinto ezemukelwayo (isinkwa newayini) zibumbene nomzimba negazi isibili likaKristu.

## 3. Imiphumela yokufundisa okuqinisileyo ngeSidlo seNkosi

Siyasazi iSidlo seNkosi kuphela ngokufundisa kukaJesu Kristu uqobo nangokuchaza okuthile kukaPawula ongcwele. Sibuye sabona ukuthi amandla asebenzayo kuleliSakramente yiZwi likaNkulunkulu. Kodwa elithi "yizwi" alisho noma yiphi inhlobo yamazwi esingawacaphuna emBhalweni ongcwele. Kodwa lapha simelwe ukusebenzisa la-

womazwi ashiwo nguJesu Kristu uqobo mhla elimisa iSakramente lelathi. "Ngoba amazwi kaJesu Kristu aqinisileyo nayenamandla onke, awashoyo lapho emisa iSidlo e-esingcwele ayengasimze abe namandla eSidlweni sokuqala nje, kodwa alokhu ehlala njalo eqinisile, esebenza, esenamandla, ukuze kuthi ezindaweni zonke lapho kugujwa khona iSidlo esingcwele ngokwesimiso sikaKristu, kusetshenziswa amazwi akhe esimiso,kube khona isibili, kwabelwe, kwamukelwe umzimba negazi likaKristu, ngenxa yamandla negunya lalawomazwi uKristu awashoyo eSidlweni sokuqala. Ngoba lapho kugcinwa khona isimiso sakhe, kukhulunywe khona amazwi akhe phezu kwesinkwa nendebe, kwabelwe khona isinkwa nendebe ebusisiweyo, khona lapho uKristu uqobo lwakhe usasebenza ngamazwi akhulunywayo, **ngegunya lesimiso sokuqala,** ngezwi lakhe athanda ukuba liphindwe lapho" (FC).

Lokhukuphinda singakwenza ngezindlela ezimbili. 1) **Kumele ukuba sikwenze enkonzweni yeSidlo,** lapho isinkwa newayini kungcweliswa khona ngokuphinda wona lamazwi asetshenziwa nguJesu uqobo mhla emisa iSidlo esingcwele sokuqala. 2) Kodwa

**yilowo nalowomKristu ufanele naye ukuwazi lamazwi.** Lokhukwazi kunezinhloso ezimbili. Kusiza ukuvuselela ukukholwa kwethu, sethembe amazwi nezethembiso uJesu asipha zona eSakramenteni lakhe; kubuye kusisize ukwazi ukuthi yini esiyifunayo lapho samukela isinkwa newayini eSithebeni seNkosi. Uma singakwazi lokho, singathola kanjani kuso usizo nesibusiso esiyiso na?

Ngakhoke ukuwasebenzisa ngokuyikho amazwi esimiso kungumsebenzi weBandla nowabefundisi abagubha leliSakramente. "Ngesikhathi kuphethwe inkonzo yeSidlo esingcwele kumele ukuba amazwi esimiso akhulunywe noma ahlatshelelwe obala phambi kwebandla ngokucacileyo nangokuzwakalayo,angashiywa neze.Kufanele kwenziwe 1) ukuba kulalelwe umyalo kaKristu wokuthi:**'Kwenzeni lokhu'**; 2) ukuba ukukholwa kwabezwayo mayelana nemvelo nosizo lwaleliSakramente... kuvuswe, kuqiniswe ngezwi likaKristu, 3) ukuba isinkwa newayini kungcweliswe, kubusiswe, kwenzelwe lomsebenzi ongcwele, ukuba kanjalo sabelwe umzimba negazi likaKristu, siwudle siliphuze, njengoba uPawula esho ngokuthi: **"Indebe esiyiphuzayo siyibongele eSidlweni seNkosi, sidumisa uNkulunkulu ngayo"** (2 Khor 10:16), okwe-

nzeka kuphela ngokuphinda nokulanda amazwi esimiso" (FC).

**Ukuqonda amazwi njengoba enjalo**

Ngendlela ethile kulula kakhulu ukuba sazi ukuthi uJesu wasifundisani ngaleliSakramente ebese siqhubeka ukufundisa nokukholwa lokho. Nokho kukhona imibono eminingi eyehlukeneyo ngeSakramente lelathi okungase kudale ukuba kube lula nje ukudideka. Kufanele senze njani pho? Okokuqala nje kumele sikhumbule ukuthi ngeke kusisize ukuba sizame ukuyilokhu siqophisana inkani nalabo abaliphikayo nabalihlambalazayo iSakramente. Okwesibili, kumele sikhumbule ukuthi ukwazi nokuqonda kwethu kwehluleka du ukubamba ngokupheleleyo iqiniso nezimfihlakalo zaleliSakramente. Kulokhu kunengozi uma sizama ukucabanga ngaphezu kwalokho uJesu Kristu uqobo asitshela khona ukuba sithole "iqiniso" noma "izimfihlakalo" ezisicashele. "Lamazwi eNdodana kaNkulunkulu eqinisileyo engunaphakade enamandla onke, iNkosi yethu, uMdali noMhlengi wethu, uJesu Kristu, kumele ngempela singawahumushi kumbe siwachaze ngokwehlukile...ngendlela yokuba kubonakale sengathi kuvumelana nengqo-

ndo yethu. Ngokukholwa nje okungazithwele nangokulalela okufaneleyo kumele siwamukele amazwi njengalokhu efundeka, ngokwengqondo yawo njengoba injalo, singavumi ukuba siphambukiswe kulamazwi ngokuphikisa noma yikuphi okuvela ekuhlakanipheni kwabantu, noma kungabonakala sengathi kungukuhlakanipha okungakanani" (FC).

Kulamazwi asecashuniwe kuyakhanya ukuthi kukhona izinto ezilula esingaziqonda, nokuthi kumele sibambelele kuzo. Enye kulezizinto yisimiso esenziwa nguKristu uqobo lwakhe, enye into ngamazwi awasho ngalesosikhathi.Lokho esingase sikucabange sikufundise ngaphandle kwalokho kungaba yiphutha namanga. Ngakhoke kumele sibambelele kulokho esakutshelwa yiNkosi yethu uJesu."Kanjalo kumele ukuba nathi ngentobeko yonke nangenhlonipho yonke **sikholwe** umyalo namazwi alula, aqinileyo, akhanyayo,anesizotha oMdali noMhlengi wethu, singawangabazi, singazami ukuwahlola ukuthi ayavumelana yini nengqondo yethu, singabuzi ukuthi kungenzeka kanjani kodwa lokhu. Ngoba owasho lawamazwi **yileyoNkosi** eyiNhlakanipho ethe hlabahlosi neyiQiniso eliyilonalona; leNkosi inamandla okufeza konke lokho ekwethembisileyo" (FC).

## Ukufanela nokungafaneli komfundisi ophethe leliSakramente

Kukhona izingozi ezithile ezivamileyo maqondana neSithebe seNkosi. Ingozi enjalo yenzeka uma sikwethemba ukukholwa noma ukufanela komfundisi osemukelisa iSakramente. Kodwa siyoyigwema leyongozi uma sikwethemba lokho uJesu uqobo lwakhe asiyala ukuba sikwenze. Sesizwile ukuthi uJesu Kristu ukhona,umzimba wakhe negazi lakhe, ngokwegunya lezwi lakhe, kungabi ngokwegunya lomfundisi osikhonzayo. Uma sicabanga okwesikhashana sizoqonda ukuthi kumele kube njalo. Izwi okwamiswa ngalo leliSakramente lingebe ngamanga ngenxa yokungafaneli nokungakholwa komuntu othile. Asokhumbula ukuthi iNkosi **kayishongo** ukuthi: "Uma nikholwa nifanele, uma umfundisi ekholwa efanele, yikhona niyokwamukela umzimba wami negazi lami kuleliSakramente." Esikhundleni salokho wathi: "Lokhu engikwenzayo, lokhu engikumisayo, **kuthatheni, kuyikho lokho engikushoyo.** Noma ufanele noma kawufanele, noma uyakholwa noma kawukholwa, kodwa **amazwi ami ahlezi eqinisile njalo.**"

Lokhukufundisa kunomcabango ojulileyo oletha isibusiso esikhulu. Kungase kusethuse ukuzwa ukuthi ngisho nomfundisi ongalungile nongakholwayo angasamukelisa leliSakramente ngokuyikho, kwala noma engafanele. Konje kungase kube ngokwahlukile kanjani na? Uma besingaqale sihlolisise ngaphambi kokuba sisondele eSithebeni ukuthi umfundisi uyakholwa yini ngokuyikho, nokuthi ufanele yini ukuyikhonza iNkosi, ngabe lokhu kungasisiza kuqinise ukukholwa kwethu na? Sizokwazi nini ukuthi sihlolisisile ngokwanele yini? Phinde, ekugcineni besiyodidakala silahlekelwe ithemba, kungasekho muntu esingamethemba. Kodwa manje sinesisekelo esiqinileyo, njengoba singayethemba iNkosi. Izwi nesimiso kwavela kuyo. Izethembiso zayo ziqinisile ngisho noma ngabe izinceku zayo kazifanele kumbe ziyehluleka.

"Ngakhoke kulula nje ukuphendula zonke izinhlobo zemibuzo edida abantu ngesikhathi sanamuhla, njengokuthi nje umfundisi ongalungile angaliphatha yini alabe iSakramente, nokunye okunjalo. Impendulo yalokhu ithi nje: Yize noma ishinga lilemukela lilabe, nokho lamukela iSakramente eliyilonalona, okungukuthi lamukela umzi-

mba negazi likaKristu isibili, njengalowo ngqo olamukela kumbe alabe ngokufanele impela. Phela, alisekelwe ebungcweleni bomuntu kodwa eZwini likaNkulunkulu" (FC).

**Ukufanela nokungafaneli kwabeSidlo**

Sesizwile ukuthi akuyikho ukufanela komfundisi okwenza ukuba uKristu abe khona eSithebeni ngomzimba wakhe negazi lakhe. Kunjalo-ke namayelana nabeSidlo abamukelayo. Akuyikho ukukholwa kwabo okwenza ukuba uKristu abe khona. ISakramente liyilo ngokwalo noma olamukelayo ufanele noma akafanele, noma ngabe uyakholwa noma kakholwa.Ngakhoke kumele siphinde khona lokho ebese sike sakusho ngaphambili: Isinkwa newayini kuleliSakramente kungumzimba negazi isibili leNkosi yethu uJesu Kristu; lomzimba negazi isibili kwemukelwa yibo bonke abahlanganyela eSithebeni, noma ngabe bayakholwa noma kabakholwa.

Pho-ke, singazenzela yini njengokuthanda kwethu na? Kungabe kuyafana nje ukuthi siyakholwa noma kasikholwa na? Qha, lapha singalinganisa nomfundisi ophethe inkonzo. Kungabe kuyafana yini ukuthi ufanele

noma kafanele, ukuthi uyakholwa noma akakholwa na? Kuya ngokuthi sikhuluma ngani. Empeleni singamdabukela yena kanye nebandla uma engafanele, engakholwa. Kodwa-ke lokhu akuguquli ubukhona isibili beNkosi. Kunjalo futhi maqondana noweSidlo owemukelayo, yilowo nalowo. Singamdabukela yena kanye nebandla uma esondela eSithebeni ngendlela engafanele, engakholwa eNkosini. Kodwa-ke noma kunjalo wemukela umzimba negazi likaJesu Kristu. Kusobala ukuthi bonke abeSidlo kufanele babe ngamakholwa aqotho avuma izono zawo, akhuleke kuNkulunkulu acele ukusizwa nguye ukuba aphile impilo ehlanzekileyo yobuKristu. Kodwa-ke noma lokho kungaba yisifiso esisuka ekujuleni kwezinhliziyo zethu,kungaba yikho yini esimi ngakho na? Ngabe kumele siwahlole amanye amaKristu singakahlanganyeli eSithebeni seNkosi kanye nawo na? Phinde, akufanele neze! Uma labobantu bengenakho ukukholwa, ngabe kusho ukuthi iNkosi ayikhona isibili eSithebeni sayo na? Uma iningi labo lingenakho ukukholwa, kungabe lokho kusho ukuthi izoni eziphendukayo ezisondela eSithebeni kazikwemukeli lokho uKristu akwethembisayo na? Qhabo, kakunjalo nempela! UKristu angeqa-

mbe amanga. Ngisho noma abantu bangahle basikhohlise,kodwa yena uyohlala ethembekile njalo.

Lencazelo ingasisiza nasebunzimeni obufanayo.Bungumbuzo oqondene **namandla okukholwa kwethu.** Ngabe kufanele ukuba ukukholwa kwethu kube namandla angakanani lapho sifuna ukwamukela izipho zokomoya ezingebonwe ngamehlo na? Baningi abantu ababezihlupha ngalokhu, kanti futhi babezama ukuzandisela ukukholwa kwabo ukuba baqiniseke. Kodwa kuyiphutha, akusisizi nakancane. Asikwazi ukukwandisa ukukholwa kwethu. Singeyisize iNkosi ngokuzama ukuqinisa izethembiso nezipho zayo. Esikhundleni salokho labo abazizwela ukuthi babuthakathaka ekukholweni bathola induduzo enkulu ngokuzwa ukuthi baphiwa lokhu u-Kristu abethembise khona, kungayi ngokukholwa kwabo, kodwa kuya **ngamandla eZwi lakhe nezethembiso zakhe.** "Siyakholwa sifundisa sivuma ukuthi umuntu okholwa ngokuyikho, akasamukeli iSidlo esingcwele ukuba azidlele aziphuzele icala, uma nje esenenkolo ephilayo, noma ibuthakathaka kangakanani, ngoba iSidlo samiselwa ama-Kristu azisolayo naphendukayo, ikakhulu lawo abuthakathaka ekukholweni, ukuba a-

duduzwe, ukukholwa kwawo okubuthakathaka kuqiniswe" (Mat 9:12; 11:5, 28) (FC).

**Imiphumela eqondene nezifundiso zamanga**

Ziningi izindlela okufundiswa ngazo amanga mayelana neSidlo esingcwele. Sesike sakhomba ukuthi iSakramente liyilo lineqiniso, kungabi ngenxa yokufanela komfundisi kumbe ngenxa yokufanela kwabamukelayo. Kusho ukuthi kuyisifundiso samanga esedukisayo uma kuthiwa ukufanela komfundisi nabeSidlo kungumbandela wokwamukela okuyikhonakhona. Ngazo zonke izikhathi nakuzo zonke izinhlobo zamahlelo obuKristu kungenzeka kalula impela ukuba kuvele isifundiso esinjalo samanga. Kodwa singavela ngezikhathi ezithile nasendaweni ethile, noma kuphi nje. Kukhona nokho nemigudu emibili futhi yokufundisa amanga ngeSidlo esingcwele, kungaveli endaweni ethile noma ngezikhathi ezithile nje. Lezizifundiso zamanga zikhona emabandleni nasemahlelweni athile, zisingethe ibandla lonke lelo. Njengoba yilelo nalelokholwa lingahlangabezana nesifundiso esinjalo, kudingekile ukuba sizazi lezizinhlamvu nokuthi yini kuzo engalungile.

Esinye kulezizifundiso zamanga sithi: **Uma isinkwa newayini sekungcwelisiwe kuguqukile, akuseyiso isinkwa newayini**. Ngenxa yokungcweliswa kwakho kuyaphelelwa wuqobo lwakho lwemvelo, okuseleyo sekubukeka nje kunambitheka sengathi kuyisinkwa newayini. Lokho kusho ukuthi okuseleyo akuseyiso isinkwa soqobo newayini loqobo.Lesisifundiso sibizwa ngokuthi "yimfundiso yokuguqulwa kwesinkwa newayini" (doctrine of transubstantiation). Lelizwi lokuthi "transubstantiation" kusho ukuthi "ngukuguquka kwengqikithi". Kusho ukuthi izinto ezemukelwayo (elements) ziyaguqulwa **zibe ngezinye ezintsha ezinengqikithi entsha.** Lesisifundiso kumele siphikiswe ngokuthi asilungile singesamanga. Kasisekelwe neze emBhalweni ongcwele. Ngokwemfundiso yomBhalo kusekhona isinkwa soqobo newayini loqobo ngisho noma sekubusisiwe kwangcweliswa.UPawula ongcwele uthi: "Lapho sihlephula isinkwa sisidle, sihlanganyela emzimbeni kaKristu" (1 Khor 10: 16). Okusho ukuthi uyakubiza ngokuthi yisinkwa nanxa sekungcwelisiwe. Ubuye uthi: "Umuntu...akadle isinkwa aphuze indebe" (1 Khor 11:28). Lapha amazwi akhe akhombisa ngokucacileyo ukuthi sisakwazi ukukhuluma ngesinkwa newayini isibili maqo-

ndana nokudla nokuphuza kwethu eSidlweni esingcwele. Akukho "kuguquka" kwengqikithi yesinkwa neyewayini.

Imfundiso eyiyo ngezinto zeSidlo seNkosi ezemukelweyo siyayithola uma sisebenzisa amazwi okuthi "umbumbano eSakramenteni" (sacramental union) njengoba sike sachaza ngaphambili (amakhasi 14-15). Lemfundiso singayisho ngokufishane ngokuthi: Siyakholwa sifundisa ukuthi isinkwa seSidlo esingcwele siseyisinkwa isibili lapho sisamukela, newayini liseyiwayini isibili lapho silamukela kodwa, **ngegunya lezwi likaKristu, naye ukhona kulezizinto ezemukelwayo, umzimba wakhe isibili negazi lakhe isibili.**

Ngokwesifundiso esinye samanga abantu bathi, ngesikhathi begubha iSidlo esingcwele **basimze bakhumbule nje uJesu Kristu, ukuba kwandiswe ukukholwa kwabo kuye.** Bathi umzimba wakhe negazi lakhe akukho kulezizinto ezemukelwayo, kodwa uma bebona benambitha isinkwa newayini bakhumbula umzimba wakhe negazi lakhe, nokubethelwa kwakhe esiphambanweni ngenxa yabo. Bathi **isinkwa newayini kuyizimpawu nje zomzimba negazi likaKristu.** Babuye bathi uKristu

akakwazi ukuba khona kulezizinto ezemukelwayo ngoba umzimba wakhe wempela usezulwini, ungebe khona lapha ngasikhathi sinye. Bathi ukhona ngokomoya kuphela kulo iSakramente,ngeZwi lakhe nangoMoya wakhe. Ngakhoke asokwemukela isinkwa njengophawu kumbe isifanekiselo somzimba kaKristu newayini njengophawu lwegazi lakhe. Abantu balowombono babambelela kakhulu kulamazwi okuthi: "Ngeke kwenzeke!" Bathi banganquma ukuthi iNkosi ingenzani nokuthi kuyini eyehluleka ukukwenza. Ngenxa yalokho abathi kungenzeke sengathi iNkosi yehluleka ukusinika umzimba wakhe negazi lakhe eSithebeni.

Pho, singaphendula kanjani abakushoyo? Isivumo sethu siphendula kanje: "Lamazwi eNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu alula ngokwawo, aqondile, asobala, aqinile, ayiqiniso impela. Konke okuqondene nokumiswa kweSithebe seNkosi kufakaza ukuthi kumele siwaqonde lamazwi njengoba enjalo nanjengoba esho... UKristu kakhulumi ngophawu nje lomzimba wakhe... kodwa ukhuluma ngomzimba wakhe isibili awunikela ekufeni ngenxa yethu; ukhuluma ngegazi lakhe isibili, alichitha emthini wesiphambano ngenxa yethu ukuba kuthethelelwe izono

zethu" (FC). Lokhu kusho ukuthi: Kumele siwamukele lamazwi siwaqonde njengalokhu enjalo. Asivunyelwe ukuwaguqula siwachaze ngendlela eyehlukileyo, sengathi afumbethe "imifanekiso" nje, kumbe sithi kufanele aqondwe "ngendlela yokomoya".

## 4. Ukulisebenzisa iSakramente

Solisebenzisa **kanjani** iSakramente na? Yilowo nalowo osebhabhadisiwe efuna ukuba ngumKristu kufanele alisebenzise iSakramente leSidlo seNkosi, kodwa angalisebenzisi ngokunganakekeli. Ngakhoke kudingekile ukuba **sizilungisele** singakasondeli eSithebeni. Siyazilungisela ngokulifunda iZwi likaNkulunkulu nangokukhuleka, ukuba sizihlole ngalendlela. Uma senza lokho sizobona lokho esone ngakho kuNkulunkulu nakubantu. Ukusondela eSithebeni seNkosi kufanele njalo kufane nokusondela kuNkulunkulu ukuzocela intethelelo yezono. Nokho singeyithole lentethelelo yezono uma singalungele ukuvuma izono esibone ngazo abanye abantu. Siyazivuma izono ngokuyikho ngokuvumela phezulu ukulungisa lokho esone ngakho kwabanye. Kudingekile ukuba sizilungisele ngalendlela, ngoba kulula kakhulu ukuvilapha nokunganakekeli impilo

yethu yokomoya, ngisho namayelana neSithebe. Kanjalo kungenzeka ukuba amakholwa athile angasondeli eSithebeni kodwa aphuthe unyaka noma iminyaka emibili nangaphezulu. Lokhu kwenzeka kanjani na? Baningi kubo abangaphuthi ngamabomu nje isikhathi eside kangako. Mhlawumbe bake bezwa abantu bephikisana bethi: "Ukwamukela iSidlo seNkosi yindaba yenkululeko. Akukho muntu ofanele ukukwenza uma engazizweli ukuthi ulambile omile." Ngesikhathi besalindela ukulamba nokoma okunjalo, kuhamba isikhathi baya ngokuya behlehlela kude neSakramente neNkosi. Kumele ukuba abantu abanjalo batshelwe 1) ukuthi kakulindelwe ukuba basondele eSidlweni seNkosi ngoba bephoqekile; 2) ukuthi kubhekeke kubo ukuba bazibonele bona uqobo isidingo sabo esikhulu: uKristu walimisa iSakramente ngenxa yabo ukuba basizakale, **ngoba uyazi ukuthi badingani.** Uma bona luqobo bebona isidingo sabo, bangaphutha kanjani eSakramenteni, bangalisebenzisi sonke lesosikhathi na?

Singabuye sibuze ngokuthi: Pho, kwenzekani uma singasondeli neze eSithebeni esingcwele na? Ukuze siphendule lombuzo kwa-

nele ukuba silubheke uququaba labeBandla abangasondeli nhlobo eSithebeni seNkosi: baya ngokuya bephola babe lukhuni usuku ngosuku. Kwaba njalo kanjani na? Okokuqala ngoba besuke balidebesela iSakramente, base begcina ngokulibukela phansi.

Kodwa-ke lapho sizilungiselela ukusondela eSithebeni seNkosi, kwenzekani uma sizithola ukuthi **kasifanele nakancane ukufika phambi kweNkosi** na? Kufanele impela ukuba sibuze lombuzo, ikakhulu uma uzophendulwa ngendlela eyiyonayona, sibuye sibuze ukuthi: "Singazihlola kanjani-ke ngaphandle kokuba sizibone khathizonke ukuthi siyizoni ezingafanele nakancane ukusondela eSidlweni seNkosi na? Singabuye sibuze sithi: Kunini lapho siyoba ngabafanele ukusondela eSithebeni seNkosi na? Impendulo ithi: "Ngeke!" Kodwa iZwi likaNkulunkulu lisitshele ukuthi ukubizelwa kwethu eSithebeni akusiyo indaba yethu, thina zoni ezingafanele. Kuyindaba yalowo owalimisa iSakramente wasibizela kulo. Wake wathi: "Angizelanga ukubiza abalungileyo, kodwa ngezela ukuzomema izoni" (Mat 9:13). "Wozani kimi nina nonke enikhandlekileyo nenisindwa yimithwalo, khona ngizoniphumuza" (Mat 11:28). Lapha kulesisimo abantu

bavamile ukwehlukana amaqembu amabili: 1) Labo abasindwa ngumthwalo wezono zabo bafuna ukuba umthwalo wabo usuwe. 2) Kodwa labo abangenandaba nezono zabo kabazihluphi futhi ngokusondela eSithebeni.

**Kufanele ukuba silisebenzise nini leli-Sakramente na?**

Singaphendula lombuzo ngokugcizelela lona lelizwi likaJesu Kristu esilithola ku-Mat 11:28: Asolisebenzisa lapho sizizwela ukuthi "siyasindwa ngumthwalo" wezono zethu. Uma sisondela sikulelosimo, singethemba impela ukuthi uJesu ukhona phakathi kwethu, ukanye nathi ezinsizini zethu nasebunzimeni bethu nasemshikashikeni wethu. Noma ngabe yikuphi esikuzwayo, noma sihlushwa yizimbandezeko,kodwa uJesu uyakwazi ukusitshela ukuthi: "Yimani isibindi, yimi bo, ningesabi!" (Mat 14:27).

Noma yibuphi ubunzima esingaba nabo, abukho kodwa ubunzima obufana nesono. Yizono zethu kuphela ezingasahlukanisa noNkulunkulu. Isizathu esimqoka sokuba sisondele eSithebeni seNkosi kumele sibe wukuba sithole lapho ukuthethelelwa kwezono zethu. Yikho lokho iNkosi noMsindisi wethu ase-

thembisile khona ngokuthi nse ngamazwi acacileyo okuthi:"Lokhu kuyigazi lami eliqinisa isivumelwano sikaNkulunkulu, elichithelwa abaningi ukuba kuthethelelwe izono" (Mat 26:28). Lokhu kusho ukuthi nanini lapho sizizwela ukuthi "siyasindwa ngumthwalo" wezono zethu kufanele sisondele eSithebeni seNkosi ukuba siduduzwe sisizwe. Khona lapho sizothenjiswa impela ngendlela ethi hlabahlosi ukuthi izono zethu zithethelelwe. Kanti futhi asisimze sithole nje ukuthethelelwa kuphela. ISidlo esingcwele sizosinika intando namandla "okulwa impi elungileyo yokukholwa" (1 Thim 6:12). Kanjalo ukusebenzisa leliSakramente kuzoba yindlela engcono kunokunye yokuba silwe impi elungileyo yomuntu ongumKristu (Ef 6:10-20)

Kaningi abantu babuzile ukuthi kufanele ukuba bemukele iSidlo seNkosi **izikhathi ezininingi kangakanani.** Okokuqala nje asibone ukuthi kwakunjani eBandleni lababhostoli. ISidlo seNkosi sasilokhu sigujwa lapho "mhla wosuku lweNkosi" yilelo naleloviki. Nakuba singakwazi ukushaya umthetho othi bonke abeBandla bafanele ukwamukela ngamaviki onke, kodwa kumele sihlole isimo samabandla ethu sisiqhathanise ne-

seBandla lababhostoli.Okwesibili, sifanele ukukhumbula ukuthi lisho ukuthini izwi lokuthi "ukuvama ukukwenza" maqondana neSidlo seNkosi, njengoba kuthiwa 1 Khor 11:25: "Anovama ukwenza lokhu lapho niyiphuzayo, ukuba ningikhumbule." Ngenxa yalokhu kumele sibone ukuthi kuyiphutha ukweluleka abantu ukwamukela "okungenani kane ngonyaka". Noma sisho isibalo esikhulu kunalokhu, kuzoba yiphutha ukweluleka kanjalo. Lokhu kusho ukuthi kunengozi njalo ukusho noma yisiphi isibalo nxa seluleka mayelana neSidlo esingcwele.Ukuphatha izibalo kanjalo ekwelulekeni kusimze kwenze nje ukuba abantu hambe ngendlela yomthetho kumbe behluleke ukuphila impilo efanele amaKristu.Ngakhoke kungcono ukubeluleka ukuthi: Yilowo nalowomKristu kufanele alisebenzise leliSakramente **njalo lapho enethuba lokukwenza,** azibuze ngokuthi: iNkosi **ithakazela kaningi kangakanani ukungibona** ngisondela eSithebeni sayo na?

"Njengoba sesinayo ingqondo eyiyo nesifundiso esiyiso ngeSakramente, kungathi kusadingeka ngempela iseluleko nesivuselelo ukuba singaliyeki igugu elikhulu kangaka, eliphathwa nelabelwa imihla ngemihla pha-

kathi kwamaKristu, hleze lidlule singalinakile. Kufanele ukuba labo abafuna ukuba ngamaKristu bazilungisele ukulamukela ngokuvama leliSakramente elihloniphekayo kakhulu" (LC).

**Ngubani pho okufanele asondele kuleliSakramente na?**

Kusobala ukuthi iSakramente liqondene nabantu bonke, njengoba bonke bayizoni ezilidingayo.Kodwa-ke ngabe bonke abantu bayasondela yini ukuba balamukele na? Uma bengasondeli, imbangela yokuphutha kwabo kuyini na? Singahle sithole impendulo kulombuzo ngokubona ukuthi abantu baphatha kanjani izono zabo.Abanye bayazibona izono zabo badabuke bakhathazeke ngenxa yazo. Uma sebelungele ukuvuma izono zabo nokucela ukusizwa, kuzoba lula ukubeluleka ukusondela eSithebeni seNkosi. Kodwa-ke sizothini kulabo abazazi izono zabo kodwa benqabe ukuzivuma nokuphenduka na? Singabatshela yini sithi: "Sondelani namukele iSidlo seNkosi, mhlawumbe nizothethelelwa izono zenu," na? Qhabo asikwazi ukwenza lokho. "Ngakhoke kumele senze lapha umahluko phakathi kwabantu. Abangenamahloni nabaxhomondele abotshelwa ukunga-

sondeli,ngoba kabalungele ukwemukela ukuthethelelwa kwezono njengoba bengakuceli bengafuni ukuphila impilo eqotho. Kodwa laba abanye abangesibo abalukhuni nababi kodwa bethanda ukuphila impilo eqotho, kumele ukuba bangaphuthi eSithebeni, nakuba kokunye bebuthakathaka bentengantenga" (LC).

Lapha-ke kumele sizinqumele ukuthi yiliphi iqembu esikulo, okungukuthi sizibuze ukuthi siyalidinga iSakramente yini kumbe asilidingi na. Into nje, asikwazi ukuzilungisela kanjalo ukuze sibe "ngabafaneleyo". Uma singakwenza lokho, ngabe kusho ukuthi asisalidingi iSakramente nempela. Ukuzilungisela ngokuyikho kungukuzihlola sithole ukuthi siyizoni nokuthi siyakudinga ukusizwa, siyakulangazelela ukusizwa.

Uma senze njalo sesilungele ukuba silufune usizo siluthole lapho silunikezwa khona: "Lowo olambele umusa nenduduzo, akazicinelele angavumeli muntu ukumethusa nokumvimbela kodwa asho athi "Bengithanda kambe ukufanela, kodwa ngisondela hhayi ngokufanela kwami kepha ngoba sekusho wena ongiyalile ukukwenza; ngiza ngiyilowo othanda ukuba ngumfundi wakho noma kungashonaphi ukufanela kwami" (LC).

**Ngubani ofaneleyo na?**

Lelozwi lokuthi "ukufanela" lidinga incazelo ethize. Ukufanela maqondana neSidlo esingcwele asikulinganise nokufanela kwethu ngezinye izikhathi. Siyabhabhadiswa kungabi ngesizathu sokuthi singcwele kumbe sifanele ukuba yizakhamuzi ngaphansi kombuso kaNkulunkulu. Akukho muntu ofaneleyo ukuba azalwe kabusha ngokubhabhadiswa. Asiyi ukuyobikela ngoba simsulwa singenazono. Kanti futhi siya khona embhabhadisweni nasekubikeleni ngoba siyizoni ezimpofu silusizi singabangafanele. Ngenxa yokuthi singabanjalo nangoba sikuvuma lokho, ngakhoke sithola usizo esiludingayo nesilunikezwayo. Namayelana neSithebe seNkosi kufanele sisondele sinomqondo wokuthi: "Ngiyazi ukuthi angifanele, kodwa ngiza ngoba kusho wena."

Kodwa izinhliziyo zethu nemiqondo yethu kuyinqaba.Kulula nje ukuba sishone ngapha sibuye sishone ngapha! Siye sizame isikhathi esithize ukuba sibe ngabafaneleyo ukusondela eSithebeni seNkosi qeduba kwenzeke ukuba sizame ukuzizwela ngokuthi mvi ukuthi asifanele. Lokhu kuyamangali-

sa: Sifuna ukuthola ngaphakathi kithi umuzwa othile "wokungafaneli", ukuze silungele, sibe "ngabafanele" ukusondela eSithebeni seNkosi. Lapho singaboni kithi "ukungafaneli" okweneleyo, singase sisho ukuthi lokhu kusivimba ukuba singasondeli eSithebeni, kumbe senze lokhu kube yisizathu sokuphutha kuso. Khona sizokwenze njani pho? 1) Ake sizibuze ukuthi singabantu yini abanemvelo eyonakeleyo. Uma kunjalo kumele sizizwele ukuthi siyaxakwa kanjani yileyomvelo (Gal 5:19-21). Bese sizibonela ukuthi siludinga impela usizo olukhulu lokuba silwe nemvelo yokonakala. 2) Kumele silalele ukuthi umBhalo ongcwele usitshelani. Uma singenakukholwa lokho esingakubona ngamehlo ethu nesikuzwayo ezinhliziyweni zethu, yikhona kumele ubufakazi beZwi likaNkulunkulu bube namandla. LeliZwi liyasitshela ngokusobala ukuthi siyizoni.Ngesikhathi eyethu ingqondo yehluleka, yikhona sidinga impela ubufakazi nesahlulelo seZwi likaNkulunkulu.

Kanti lesisimo siyoqhubeka kuze kube nini pho? Yilowo nalowomKristu ozithobayo uyokuvuma ukuthi angephumelele ukwedlulela

phambili kunalokhu. Uma sisadla amabele siyohlala sibuthakathaka sidinga usizo namandla empilweni yethu yokomoya; kunakho konke okunye sidinga ukuthethelelwa kwezono zethu.

Ngakhoke "ukufanela" kwethu uma sisondela eSithebeni seNkosi kakusekelwe neze kulokho esiyikho nesinakho thina, kodwa kusekelwe kulokho esikuthola kuyo iNkosi noMsindisi wethu kuphela. "Siyakholwa sifundisa sivuma ukuthi konke ukufanela kwalabo abamenyelwe kulelidili lasezulwini kusekelwe kuphela ekulaleleni okungcwelengcwele kukaKristu nasekufaneleni kwakhe okuphelele qho, esikuzuza kube ngokwethu ngokukholwa okuqinisileyo, ebese sethenjiswa ngeqiniso yiSakramente ukuthi lokhokulunga nokufanela kwakhe kungokwethu. Ukufanela kwethu akuyi neze ngokwethu ukulunga kumbe ngokwethu ukuzilungisela ngaphakathi noma ngaphandle" (FC).

**Pho ukukholwa kungenaphi na?**

Izethembiso zikaJesu Kristu azenziwanga kuwo amatshe noma izingodo, kanti zenziwa kubantu ukuba bazizwe bakholwe kuzo.

Ngakhoke indlela eyiyo yokwemukela izethembiso nezipho zakhe **ingukukholwa.** Lowo owamukela ngenhliziyo amazwi aleliSakramente akholwe ukuthi lokho akumemezelayo kuyiqiniso, **usenakho lokho** iSakramente elikunikezayo: unentethelelo yezono, kukhona ukuthula phakathi kwakhe noNkulunkulu, unokuphila okuphakade nesibusiso sensindiso. Kodwa lowo owenqaba ukukholwa uselahla lesosipho asiphiwayo. Naye wemukela khona lokho okwemukelwa yibo bonke abeSidlo,umzimba negazi likaKristu, kodwa ngenxa yokungakholwa kwakhe isethembiso nesipho somusa, akayemukeli nhlobo intethelelo yezono. Kanjalo kusobala ukuthi leligugu litholakala kulowo nalowo. Osekufuneka wukuba umuntu aphangise alibize igugu libe ngelakhe, akholwe isethembiso asemukele isipho asinikezwayo.

Sesike sasho ngaphambili (emakhasini 13-14) ukuthi akusilo ukholo lwethu olwenza ukuba uKristu abe khona isibili esinkweni nasewayinini, kanti futhi ukukholwa akusona isisekelo esimi kuso lapho samukela iSidlo esingcwele. Kodwa ukukholwa kudingekile, ngoba uKristu ukhona ngegunya leZwi lakhe. Ukukholwa kudingekile futhi

ngoba ngokusamukelisa umzimba wakhe negazi lakhe uKristu ufuna ukusipha intethelelo yezono nokuthula nokuphila okuphakade nesibusiso sensindiso. Lezizipho zokwezulu singazemukela kuphela ngokukholwa. Sitshelwa lokhu yonke indawo eZwini likaNkulunkulu: "Umoya wenu awungakhathazeki! Kholwani kuNkulunkulu, nikholwe nakimi futhi!" (Joh 14:1). "Umuntu ongakholwayo angemjabulise uNkulunkulu" (Hebh 11:6).

## 5. Isiphetho

Ukuba siqoqele ndawonye konke esesikushilo maqondana neSidlo esingcwele, ake sibuze umbuzo wokuthi: Ngubani ozolidinga leliSakramente na? Ngenye indlela onke amaKristu ayalidinga. NgomBhabhadiso sazalwa kabusha. Uma sithanda ukuqhubeka nokuphila impilo yobuKristu, sidinga usizo nesibusiso esikuphiwayo eSidlweni seNkosi. LeliSakramente liyamondla limnike amandla umuntu ophendukile waba ngumuntu omusha. Kodwa liyadingeka kungabi kanye nje kuphela. Endleleni ehanjwa ngumuntu ozelwe kabusha kukhona izithiyo nezilingo eziningi ezenza ukuba akhathale akhubeke, kumbe ayeke ukuyihamba lendlela. Ngakhoke

udinga ukusizwa yiSakramente. Lingamnika kungabi kuphela ukudla namandla ekuhambeni nasekulweni, kodwa liyomphasa avume phezulu ukuhamba alwe azabalaze abekezele akhuthazele, alwe aqede, agcine esenqobile. "Siphiwe iSakramente ukuba libe yidlelo nesondlo semihla, ukuba ukukholwa kwethu kuvuselelwe kuqiniswe singahlehli nyovane ekulweni okunjalo, kodwa siqine amandla njalo.... Lapho izinhliziyo zethu zikhathazwa zisindwa kakhulu ngumthwalo, iSakramente liyasiduduza ukuze sivuselelwe sihlumelele amandla" (LC).

Kusikhanyela sonke ukuthi akusibo bonke abeBandla abalisebenzisa iSakramente lelathi. Phakathi kwalabo abalisebenzisayo baningi abakwenza ngokungavamile nangokwenqena, ngezinye izikhathi bayakwenza ngokunganaki bedebesile. Ngakhoke kufanele sizikhuthaze uqobo lwethu sikhuthaze namanye amakholwa esinawo ukulisebenzisa kangcono nangokuvama. Kodwa lendaba kumele siyiqaphele kanye nokunye okumqoka njengemiyalelo eyishumi nesivumo senkolo nomkhuleko weNkosi. Uma sijwayele ukusebenzisa inye yalezizinto kuzosiza kukhuthaze isivumo nempilo yobuKristu yonke indawo.

Lokhu kuqondene namaKristu onke, abasha ngisho nabadala. Kodwa kwaziwa kahle kamhlophe ukuthi kunzima ukufundisa nokuguqula abantu esebebadala, uma sebeze baduka baqhubeka nemikhuba emibi.Ngakhoke kufanele impela ukuba kufundiswe izingane zonke nentsha yonke eBandleni, batshelwe ukuthi kuyini okubhekiwe kubo njengoba bekholiwe. Kufanele bakwazi abakuphiwayo nguKristu eSithebeni sakhe: ngumzimba wakhe negazi lakhe, kube yisithembiso nesibambiso sezipho zakhe ezingukuthethelelwa kwezono nokuthula namandla okulwa impi elungileyo yokukholwa. Kufanele baqeqeshwe bafundiswe kusukela besebancane ukulandela indlela yempilo yobuKristu. Yikhona lemikhuba emihle ingahlala kubo kuze kube sekupheleni kokuphila kwabo, ngomusa kaNkulunkulu.

Ngakhoke umthetho wethu mawube ngowokuthi: Yilowo nalowomuntu obhabhadisiweyo, owesilisa nowesifazane, makabe ngoweSidlo, asondele ngokuvama nangokuzithoba eSithebeni esingcwele ukuzokwemukela izipho zokwezulu anikezwa zona lapho:

*Umzimba negazi*
*leNkosi yethu uJesu Kristu*
*kanye naso nakuso nangaphansi kwaso*
*isinkwa newayini*
*kube ngukuthethelelwa kwezono*
*nokuthula phakathi kwethu noNkulunkulu*
*ukuba sikhuthazwe siqiniswe*
*siqhubeke nokulwa*
*impi elungileyo yokukholwa;*
*ngasikhathi sinye kuyimpi yeNkosi*
*ukuba sinikwe umqhele wokunqoba.*

Udumo aluye kuYise neNdodana
noMoya oyiNgcwele,
njengoba kwakunjalo ekuqaleni,
kusenjalo namanje,
koba njalo phakade naphakade.
Ameni.